

**Quality of Life Survey VI (2020/21)**

Mhlali othandekayo wase-Gauteng,

Njalo ngonyaka wesibili, i-Gauteng City-Region Observatory – ngokubambisana ne-Wits kanye ne-University of Johannesburg – yenza inhlolovo ethi ‘Quality of Life’. Sibuzwa imibuzo emayelana noquqaba lwezinkinga ezihlukahlukene ezisithinta sonke, kusukela kwezizithuthi kuye kwezemfundo nakwezokuziphatha emphakathini kanye nokungcoliswa – sizama ukwemboza isizinda esikhulu ngangokunokwenzeka. Kulo nyaka, siqhuba inhlolovo yethu yesithupha, futhi sizobe sibuzwa abantu abadala abangaphezu kuka-13 000 kuyo yonke i-Gauteng City-Region. GeoSpace International iqhuba izingxoxombuzo esikhundleni se-GCRO. Zonke izingxoxo zenziwa ngokulandela imigomo eqinile ye-COVID-19.

Ukhethe ngokungahleliwe ukuze uqiniseke ukuthi ucwaningo lunikeza isithombe esinembile sempilo yase-Gauteng futhi siyakumema ukuba uphendule uhlu lwemibuzo oluzothatha cishe imizuzu engu-45, yize kungase kube yihora. Sizokubuzwa ngeminye yemininingwane kamazisi, njengegama lakho nekheli, elizosetshenziselwa izinjongo zokulawula ikhwalithi kuphela. Sizophinda siqophe izixhumanisi ze-GPS zendawo okubanjelwe kuyo izingxoxombuzo. Yonke imininingwane eyabelenwe nathi izophathwa njengemfihlo ngokuphelele. Ngemuva kokuphuthula zonke izingxoxombuzo, izimpendulo zizohlanganiswa ngendlela engaziwayo ngokuphelele. Ngeke uthole noma yiziphi izinzuzo eziqondile zokubamba iqhaza kulolu cwaningo, futhi akukho zikhinyabezi noma izinhlawulo zokungabambi iqhaza. Ungakhetha ukungaphenduli noma imuphi umbuzo futhi ungahoxa ocwaningweni nganoma yisiphi isikhathi. Sizobuzwa eminye yemibuzo yomuntu siqu nengaba ezweelayo, futhi uma uhlangabezana nanoma yikuphi ukucindezeleka noma ukungakhululeki, sizoyimisa noma siyibambe okwesikhashana ingxoxombuzo, noma siyeqe lemibuzo. Sikunikeza nohlu lwezinhlangano ezinikeza ukwelulekwa kwamahhala neminye imisebenzi.

Imiphumela yalocwaningo engadalulwanga izotholakala ezidlangalaleni zomphakathini futhi izokwabelanwa nohulumeni ukuze imsize ahlele kangcono futhi aphaathe i-Gauteng City-Region. Le nhlolovo ixhaswa nguhulumeni wesifundazwe nowendawo, kodwa i-GCRO yisikhungo esizimele sokucwaninga eyunivesithi, futhi sisho lokho okudingeka sikusho, ngokusekelwe kumininingwane evela kwinhlolovo. Izinhlolovo zethu zangaphambilini zifake isandla ngezina elikhulu ekuqondeni izingqinamba esifundeni sethu sedolobha futhi sisebenzise leyo mininingwane ukukhiqiza imibiko yocwaningo, izifingqo zedatha kanye namabalazwe. Okuhambisana nale ncwadi ngezinye zezibonelo futhi ungaya engosini yethu ku-[www.gcro.ac.za](http://www.gcro.ac.za) bese ubheka imiphumela edlule yenhlolovo ye-Quality of Life ([www.gcro.ac.za/qolviewer](http://www.gcro.ac.za/qolviewer)). Ukubamba kwakho iqhaza kubaluleke kakhulu.

Uma unanoma yimiphi imibuzo ngalolu cwaningo, sicela ukhululeke ukuxhumana nesikhungo sezingcingo seGeospace (081 073 2446; 071 041 0033), noma ungithinte ngqo kule nombolo: (011) 717 7280 noma [julia.dekad@gcro.ac.za](mailto:julia.dekad@gcro.ac.za) uma unokukhathazeka noma izikhalazo mayelana nezinqubo zokuziphatha zalolu cwaningo, wamukelekile ukuxhumana nenyuvesi i-Human Research Ethics Committee (engeyona eyezokwelapha), ucingo +27(0) 11 717 1408, email [Shaun.Schoeman@wits.ac.za](mailto:Shaun.Schoeman@wits.ac.za)

Yimina ozithobayo,

Dkt Julia de Kadt

Quality of Life Survey Project Lead, Gauteng City-Region Observatory